



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## **NATIONAL SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**NOVEMBA 2014**

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: amahora ama-2.**

**Leli phepha linamakhasi ayi-13.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:  

ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B: Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi	(40)
2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe emibuzweni.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
8. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
9. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:  

ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50	
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-30	
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-40	

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA****UMBUZO 1**

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ABESIFAZANE ABAKUFUNA KONKE**

Abesifazane bamanje bakufuna konke, imfundo, umshado, impilo engcono, abantwana nezikhundla eziphezulu emisebenzini. Kunzima ukukuthola konke. Abantu besifazane abakufuna konke bavame ukuphila nonembeza (conscience) wokuthi abenzi ubulungiswa/kahle emindenini yabo ngenxa yokungakwazi ukuchitha isikhathi nomndenini. Ukwethembela kubaba wekhaya ukuthi kube nguyena okhokhela zonke izidingo zekhaya sekuphelelwe isikhathi. Ukubambisana ekukhokheni izindleko zekhaya kwenza imindenini eminingi iphumelele. Ngaphandle kwengcindezi (pressure) elethwa ukubiza kwezinto, abesifazane banenye ingcindezi yokukhombisa lonke izwe ukuthi uHulumeni wentando yeningi akenzanga iphutha ngamathuba abanike wona.

UMaMkhize Sithole omunye womama abakufuna konke noma engumama wesimanje owaziyo amalungelo akhe, ukhetha ukubizwa ngoMaMkhize. Umyeni wakhe umbiza ngobaba hhayi ngobaby njengoba kujwayelekile kubashadikazi besimanje. Lokhu kuhloniphana phakathi kwakhe nomyeni wakhe kuyamsiza ukuthi intuthuko nempumelelo yakhe ingamenzi akhohlwe yizinto ezibalulekile empilweni yomuntu. Lezi izinto ezifana nenhlonipho, umndenini kanye nokuthobeka.

Abesifazane babhekene nezinsalelo (challenges) ezibadinga bephila emzimbeni, emqondweni kanye nasemphefumulweni. Akulula ukuthi umuntu ahlale esesimweni esihle ngalolu hlobo, kumele kube nemizamo ayenzayo ukuzigcina ephila kahle. Yingakho iningi lomama besimanje liqala usuku lwalo ngehora lesine ekuseni. Kuyavukwa kuyiwe ejimini. Ukuvocavoca umzimba kubalulekile. Ngaphandle kokuthi wonke umuntu ufuna ukuba mncane ngomzimba, ukuzivocavoca kusiza kakhulu ukwehlisa ingcindezi komama abanengi abaphila nayo ngenxa yokubhekana nezinto eziningi okumele zenziwe, futhi zenziwe kahle. Ukukhuluphala kuyagxekwa kakhulu kulezi zinsuku ngoba kuletha izifo eziningi emzimbeni. Kuphinde kwenze umuntu abukeke emdala kuneminyaka yakhe kanti kulezi zinsuku akekho ofuna ukubukeka egugile. Kuguga othandayo esikhathini samanje.

Abantu abanengi basuka ejimini baye emsebenzini. Abanye baqale emakhaya sebeyothatha abantwana beyiswa esikoleni. Ukulungiselela abantwana ukuya esikoleni kujwayelekile ukuthi kube ngumsebenzi ka-anti osizayo. Uma ungowesifazane okufuna konke kumele ube nabantu abazokusiza bafike lapho wena ongakwazi ukufika khona. Akufanele futhi uzisole ngokungakwazi **ukuzibambela wena mathupha**. Alikho iphutha ekwethembeleni kwabanye abantu ukuthi bakusize. Nabesilisa baphumelela kanjalo, abanqeni/abavilaphi ukuthumela.

Umama uphuthuma emsebenzini ngemuva kokubeka abantwana esikoleni. Emsebenzini ulindeleke ukuthi azibonakalise ukuthi isikhundla asiphethe usifanele ngempela. Kugadwe iphutha elincane nje angalenza bese kuba indaba enkulu. Uma **seliyozilahla kunina**, umama uphuthuma ukulanda abantwana esikoleni. Phela abantwana bamanje abasakwazi ukuhamba ngezinyawo. Bayalethwa baphinde balandwe esikoleni noma ngabe ibanga lifishane kangakanani, kodwa bona balinda ukulandwa. Ziningi izizathu ezenza ukuthi abantwana bangazihambeli ngezinyawo. Esinye sazo ukwenyuka kwezinga lobugebengu. Izingane ziyantshontshwa. Ngakho-ke abazali bayaqiniseka ukuthi abantwana babo babagadile ngaso sonke isikhathi. Lapho kufikwa ekhaya kwenziwa umsebenzi wabantwana wesikole. Lesi yisona isikhathi umama akwazi ukusichitha nabantwana bakhe uma singasibali asichitha nabo emotweni kuyiwa noma kubuywa esikoleni.

Ngemuva kwalokho kudliwa isidlo sakusihlwa. Abantwana bayalala umama usefunda umsebenzi wakhe wokuzithukisa. Isimo siyamenza ukuthi azithuthukise ukuze alungele amathuba avulelekele abesifazane. Ngaphambi kokuthi aqale afunde kumele avule ama-imeyili angakwazanga ukuwafunda emsebenzini. Usuku lwakhe luphela phakathi kwamabili, nasekuseni **ukusa kuyobonwa nguye** esephuthuma ejimini. Asikho ngisho esabangani isikhathi, uma engathintananga nabo ezinkundleni zokuxhumana nesikhathi sazo esingekho kahle, ubungani bungagcina buphele nya. Liphele kanjalo isonto. NgoMgqibelo ilanga lokulungisa ikhanda, izinzipho nokuthenga ukudla nezidingo zabantwana. NgeSonto kuyiwa esontweni. Kanti kuphunzulwa nini?

[Own source]

- 1.1.1 Bhala izinto EZIMBILI ezifunwa ngabesifazane abakufuna konke ngokwale ndaba. (2)
- 1.1.2 Yikuphi okubaphatha kabi abesifazane okukhulunywa ngabo lapha endabeni? (1)
- 1.1.3 Yikuphi abesifazane abakufuna konke abahluleka ukuzenzela khona? (1)
- 1.1.4 Khethe impendulo efanele kwezilandelayo:
- UMaMkhize umbiza ngobaba umyeni wakhe ngoba:
- A Ungubaba wezingane zakhe.  
 B Uyamhlonipha.  
 C Inkosikazi akumele ibize umyeni wayo ngobaby.  
 D Umyeni wakhe akasazi isiNgisi. (1)
- 1.1.5 Bhala elakho igama elimqondo ophikisana (opposite) nelibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:
- Ukukhuluphala **kuyagxekwa** kakhulu kulezi zinsuku. (1)

- 1.1.6 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe endabeni:
- (a) Uma **seliyozilahla kunina**, umama uphuthuma ukulanda abantwana esikoleni. (2)
  - (b) Ungazisoli ngokungakwazi **ukuzibambela wena mathupha**. (2)
  - (c) Nasekuseni **ukusa kuyobonwa nguyey** esephuthuma ejimini. (2)
- 1.1.7 Emushweni ozakhele wona sebenzisa igama '**chitha**' liveze umqondo ohlukile kunalona ovele kulo musho olandelayo:
- Lesi ukuphela kwesikhathi umama akwazi **ukusichitha** nabantwana bakhe. (2)
- 1.1.8 Endabeni oyifunde ngenhla caphuna umusho osho okufanayo nalo olandelayo:
- Esikhathini samanje ungakwazi ukuzenza ukuthi ungabonakali ukuthi uneminyaka emingaki. (2)
- 1.1.9 Ngokwale ndaba ngabanjani omama esingababiza ngokuthi abesimanje? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 1.1.10 Inkululeko yabakhulula abesifazane. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU atholakala endabeni. (3)
- 1.1.11 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi omama yibona kuphela ababamba iqhaza ekukhuliseni abantwana babo. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

1.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela:



[Sicashunwe ku-Bona Magazine-2008]

- 1.2.1 Bhala igama le phephabhuku elingenhla. (1)
- 1.2.2 Umfundi waleli phephabhuku angawinani? Bhala okukodwa. (1)
- 1.2.3 Gcwalisa isikhala ngamagama afanele emushweni olandelayo:  
Ngokwaleli phephabhuku ... singumbulali othule. (1)
- 1.2.4 Bhala iphuzu elilodwa elifakazela ukuthi le ntokazi evezwe esithombeni iphila esikhathini samanje. (1)
- 1.2.5 Isihloko esithi: 'Ukuba SeNyuvesi' kungabasiza kanjani abafundi bebanga le-12? (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA****UMBUZO 2**

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi esikhuluma ngezindlela zokulungiselela ukubhala izivivinyo zokuphela konyaka bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7.

**IMIYALELO:**

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele. Amagama akho abe phakathi kwangama-50 kuya kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela ku-1 kuya ku-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa kumusho ngamunye.
4. Sebenzisa amagama akho emishweni.
5. Ekugcineni kwamaphuzu onke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**IZINDLELA ZOKUZILUNGISELELA IZIVIVINYO ZOKUPHELA KONYAKA**

Isikhathi sokubhala izivivinyo zokuphela konyaka siletha uvalo/ukwesaba kubafundi abaningi. Abanye bafisa nokuthi kuhlehle ngoba basuke bengakazilungiselele kahle ukuqala ukubhala. Kubalulekile ukuhlela kusenesikhathi ukuze uphumelele. Nazi izindlela ongazilandela ukulungiselela ukubhala:

Kufanele uma ungumfundi uqoqe zonke izincwadi, amanothi kanye nemisebenzi ebeyenziwa ekilasini phakathi nonyaka. Lokhu kuyasiza ukubona ukuthi yikuphi ongenakho bese ucela kothisha kanye nakwabanye abafundi ukopishe kusenesikhathi. Umfundi kufanele abukisise uhlelo olunezifundo, izinsuku nezikhathi zokubhala (time table) ngesikhathi belunikwa esikoleni. Emva kokuthola uhlelo lokubhala esikoleni umfundi usengazakhela olwakhe lokutadisha ukuze abhalansise isikhathi asinika izifundo azozibhala. Lolu hlelo angalunamathisela endaweni esobala ekhaya.

Ukuhlangana ningamaqembu bese nixoxa ngezifundo nabanye abafundi kuyasiza kodwa akusho ukuthi umfundi usengagcina ngalokho. Kufanele uma eseyedwa ekhaya aphinde afunde asebenzise nolwazi aluthole kulabo afunda nabo. Amaphepha okuhlolwa eminyaka edlule ayasiza ukubona indlela imibuzo engabuzwa ngayo. Ngale ndlela, umfundi uthola nolwazi abengalutholanga kuthisha wakhe.

Ngesikhathi sokuhlolwa kubalulekile ukuthi umfundi adle ukudla okunomsoco esikhundleni sezibiliboco. Lokhu kwenza umqondo womfundi usebenze kahle futhi angahlaselwa izifo ezihambisana nokuba ngaphansi kwengcindezi (stress). Kubalulekile ukuphuza amanzi amaningi esikhundleni seziphuza ezinoshukela. Kujwayelekile ukuthi abafundi ngalesi sikhathi baphuze amaphilisi nemithi eyenza ukuba bangalali. Lokhu akulungile ngoba kufanele umfundi alale kahle ukuze nomqondo wakhe uphumule. Ukufunda kuze kuse akulungile ngoba kungenza ukuthi umfundi alale ngesikhathi sokubhala/sokuhlolwa.

Izinto ezifana nomabonakude, amaselula, ukuzula nokuvakasha kuyawuphazamisa umqondo womfundi. Ukuzivocavoca kungenye yezindlela ezenza umzimba nomqondo ungakhathali. Indlela eya empumelelweni ifuna usebenze ngokuzinikela nangokuzimisela.

[Own source]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**



**ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI****UMBUZO 3**

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**IZINDLU!****IZINDLU!****IZINDLU!**

# **THOL' IKHAYA HOMES**

**ZICOSHOWA PHANSI IZINDLU EMTHUNZINI!**

Usukhathele ukurenta?  
Uholo imali engaphezu kwezinkulungwane ezi-R5 500.00 ngenyanga?


Woza kwaThol' Ikhaya uzozitholela elakho ikhaya!

**ETHOL' IKHAYA HOMES SAKHA IZINDLU:**

Ezinamakelo ama-2 amakhulu okulala, ikhishi nendlu yokuphumula.  
Zisukela ezinkulungwaneni ezi-R200 000.

Ziseduze nezikole nenxanxathela yezitolo.

Izinto zokuhamba zitholakala kalula.

**PHUTHUMA! PHUTHUMA! PHUTHUMA! UNGAPHUTHELWA!**

**Sithinte:**  
**87 Solo Road**  
**Mthunzini**  
**083 876 8696**  
**032 392 8729**

[tholkhaya@gmail.com](mailto:tholkhaya@gmail.com)

Imithetho Nemibandela  
Asibadayiseli abanamagama amabi ebhange.

[Isithombe sicashunwe ku-[www.googlepicture.com](http://www.googlepicture.com)]

- 3.1 Bhala izinto EZIMBILI ezitholakala kulezi zindlu. (2)
- 3.2 Esikhangisweni esingenhla caphuna igama elisho okufanayo nelithi **shesha**. (1)
- 3.3 Ngumuntu onjani orentayo? (2)
- 3.4 Khetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo:  
Umusho othi: 'Zicoshwa phansi izindlu eMthunzini!' uqukethe ulimi:  
A Olukhohlisayo.  
B Oluncengayo.  
C Olubandlululayo.  
D Olukhombisa indelelo. (1)
- 3.5 Sitshenzisweleni isithombe sendlu kulesi sikhangisi? (2)
- 3.6 Kungani kusetshenziswe lo mbuzombumbulu kulesi sikhangisi?  
Uhola imali engaphezu kwezinkulungwane ezi-R5 500.00 ngenyanga? (2)
- [10]

#### UMBUZO 4

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela:



[Sicashunwe kwiSolezwe - 2013]

- 4.1 Balindele ukwenzani laba abasesithombeni? (1)
- 4.2 Iyiphi inkinga ebhekene nalo wesifazane? (1)

- 4.3 Lungisa upelomagama kulo musho olandelayo:  
Ngiyazi baba angifundisisanga, kodwa ng'yakudinga uk'phasa. (1)
- 4.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:  
Kule khathuni engenhla owesilisa ... lo wesifazane:  
A Uyamzwela.  
B Uyamthanda.  
C Uyamzonda.  
D Uyamhleka. (1)
- 4.5 Bhala igama '**sistaz**' ngolimi olwejwayelekile. (1)
- 4.6 Kungani lo wesifazane ehlanganise izandla? (1)
- 4.7 Luhlobo luni lwesikole esifunda laba ababili abasesithombeni? (2)
- 4.8 Ngokucabanga kwakho ngabe ukuthandaza kuyamsiza yini umfundi ongazilungiselele? Sekela impendulo yakho. (2)
- [10]

## UMBUZO 5

- 5.1 Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:

Kuvamisile ukuthi uma umuntu ebanjwe entshontsha aphike. Ungaze ufunge uthi uyasukelwa. Wena ombonile ugcina ufana nomuntu osenga ezimithiyo. Uzwa ngokukhuluma abe namalimi sengathi udla izambane elishisayo ukuthi usephelile uvalo. Uma uthi uyambuka ufile ubuso bakhe sebumnyama bhuqe. Ungafunga ukuthi uyasukelwa kanti usedliwa unembeza.

Wena ombonile entshontsha ungagcina usungena ejele asale yena. Phela amasela angamaqili okuqala nawokugcina. Kumele nakanjani iqine ingalo yomthetho uma umuntu entshontshile, ajeze ngalokho. Ukungaqini kwengalo yomthetho kungaholela ekutheni abantu bazithathele umthetho bawubeke ezandleni zabo. Ngaleyo ndlela kugcina sekudaleka amanye amacala angenasidingo.

- 5.1.1 Phinda ubhale umusho olandelayo ukhomba ukuphika:  
Kuvamisile ukuthi uma umuntu ebanjwe entshontsha aphike. (2)
- 5.1.2 Phinda ubhale umusho olandelayo ukhomba ubuningi:  
Wena ombonile usala usenkingeni. (2)
- 5.1.3 Yakha umusho usebenzise igama elibhalwe ngokugqamile liveze umqondo ohlukile kunalo osesiqeshini.  
Umuntu entshontshile ukhuluma sengathi udla **izambane** elishisayo. (2)

5.1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Ukusenga ezimithiyo kusho:

- A Ukuqamba amanga.
- B Ukucasuka.
- C Ukubaleka.
- D Ukukhuluma kakhulu.

(1)

5.1.5 Khetha isihlanganiso esifanele kubakaki ukuhlanganisa imisho elandelayo:

(uma, ngoba, futhi)

Umuntu ontshontshile kumele ajeziswe. Umuntu uphula umthetho.

(1)

5.1.6 Nciphisa igama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:

Ngaleyo **ndlela** kugcina sekudaleka amanye amacala angenasidingo

(2)

5.1.7 Bhala umusho olandelayo ube senkathini ezayo:


Uzwa ngokukhuluma ukuthi uqamba amanga.

(2)

5.1.8 Tomula umusho oqukethe isifaniso kulesi siqeshana esingenhla.

(2)

5.2 Buka isithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:



Sicashunwe ku-[www.googlepictures.com](http://www.googlepictures.com)

- 5.2.1 Ibinzana 'Ngadla mina kababa!' liqukethe/livusa miphi imizwa? (1)
- 5.2.2 Kulesi siqeshana esingenhla caphuna ibinzana elisho okufanayo nokuthi 'ngehlelwe inhlanhla enkulu'. (1)
- 5.2.3 Kulo musho olandelayo la magama abhalwe ngokugqamile akhombisa luphi uhlobo lolimi?  
Kazi uzothini **lo makhelwane ndini** uma esezwa ukuthi nami sengingusozigidi? (2)
- 5.2.4 Tomula umusho oqukethe inkolelo engaguquki kule nkulumo engenhla. (2)
- [20]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**